**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**IBANGA LESHUMI (GRADE 10)**

**ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA**

**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2015**

**IPHEPHA LESIBILI ( PAPER 11)**

**ISIKHATHI: 2Amhr.** **AMAMAKI: 70**

**ISIBONGO.....................................** **IGAMA..............................**

**OKUHLE KODWA!!!!!!!**

# QAPHELA UFUNDE !!!

IMIYALELO KUMFUNDI

- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA
- FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.

# IMIYALELO NGEZINCWADI

LELI PHEPHA LINEZINCWADI EZIMBILI

- PHENDULA IZINCWADI ZOMBILI OZIFUNDILE
- INCWADI NGAYINYE INAMAMAKI ANGA-35.
- UMA SEZIHLANGENE ZOMBILI KUMELE ZIKHIPHE AMAMAKI ANGA-70.
- QINISEKA UKUTHI AMAMAKI AKHO EZINCWADI ZOMBILI AYAHLANGANA KAHLE UMA UWABALA.

## *ISIQEPHU A*

***IDRAMA***
***IMPICABADALA: N.G. Dlamini***

*1. Funda isiqephu esingenzansi bese uphendula imisho njengoba ufundisiwe, imisho EPHELELE.*

**Delisile** : Okusho ukuthi njengoba uhlale ungishaya, ungihlukumeza, usuke ukhipha isibhongo somkakho?

**Donsa** : Angikhiphi sibhongo, asizwani nje kwaphela. Yayiyinhle le nto yethu ingaxubene namshado ongaqondakali. Wena wake wawuzwaphi umshado wabantu abayisithupha kuphela? Konke nje lokho wena awukuboni ukuthi konakelephi. Hho madoda! Wake wawuzwa umshado othanyelwa izimpelesi ezimbili nonyoko bese kuba umfundisi owenza umsebenzi wakhe bese kuba yithina-ke abashadayo. Hhayi, kwakungemshado kwabe kuyisiga phela lesiya.

**Delisile** : Angithi uwena owawusha amashushu uthi sishade.

**Donsa** : Noma kunjalo kodwa umshado owaziswa abantu sewedlula. Nomfundisi ngiyakholwa wamangala nje yilembedumehlwana esasiyenza. Into ke engizofuna ungislze ngayo Delisile ukuthi uphindele kumama wakho akufukamele ngemfundiso yakhe. Umkami uyabuya noma akabuyi akudinkwe eligayelwe wena lelo. Ngingamane ngihlale ngingenamfazi kunokuhlala nawe.

**Delisile** : Hhayi bo! Donsa!

**Donsa** : Musa ukungikhuza. Uyisinengiso empilweni yami. Qoqa onke amasakana akho uphume uphele lapha emzini wami, ngoba ngingaze ngikwenze kabi. Uma ngikubuka inhliziyo yami imane igcwale igazi ngento owangenza yona. Hamba kunyoko noSigwinyamakesi wenu.

**Delisile** : Hawu! *(Ngokungabaza)* Ubani lowo Sigwinyamakesi?

**Donsa** : Wazethusa, inyangamehakathi yenu enishintsha ngayo abantu niberize abanye.

*1.1 Bakuphi oDonsa noDelisile njengoba bexoxa nje?* (1)

*1.2 Ukuphi lo mkaDonsa abaxoxa ngaye lapha benoDelisile?* (1)

*1.3 Umshado kabani owawunezithameli eziyingcosane?* (1)

*1.4 Yini eyayenza ukuthi uDonsa ashe amashushu ngokushada noDelisile? Bhala amaphuzu AMABILI.* (2)

1.5 UDonsa wasebenzisa inkinga kaDelisile ukufeza izinhloso zakhe? Vuma noma uphike uchaze ngamaphuzu AMATHATHU? (3)

1.6 Bhala uchaze ukuthi lezi zimo zenkulumo ezingenzansi zichaza ukuthini:

1.6.1 Imbedumehlwana (2)

1.6.2 Akudokwe ligayelwe wena lelo (2)

1.7 Uhlala kuphi lo mama kaDelisile okuthiwa akaqoqe amasakana akhe aye kuye? (1)

1.8 Umlobi umlingiswa okuthiwa uMaqhinga Donsa uma ubuka umqambeleni ngaleli gama? Chaza UNGADLULI emaphuzwini AMABILI. (2)

1.9 Lo mama okuthiwa uMaNdaba ungena kanjani kulesi simo oDelisile benoDonsa abazithola bekuso manje? (2)

1.10 Umama kaDelisile ngokwakhe wayemfisela okuhle umntanakhe uDelisile futhi wayenza imizamo yokumsiza ukuthi aphumelele. Vuma noma uphike bese usekela umbono wakho ngamaphuzu akho angadlulile KWAMATHATHU ungaphindi umbuzo u-1.8. (3)

1.11 Ngezinye izindlela uMadoda ubaba kaDelisile uyena owenza ukuthi uDelisile agcine esedlala uDonsa. Uthini owakho umbono? Uveze ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.12 Wena ngokwakho, uDelisile wayengenzenjani ukuze angazitholi esesenkingeni akuyona njengamanje noDonsa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.13 Uthisha uZungu ukwenzile obekufanele akwenze njengomzali kuDelisile. Uthini owakho umbono ngalokho? Chaza ungadluli emaphuzwini AMABILI. (2)

1.14 Bhala uchaze ukuthi yini imbangela yodweshu kule ncwadi. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU? (3)

1.15 Kuyiqiniso kangakanani ukuthi uDelisile benomama wakhe bashintsha impilo kaDonsa njengoba esho nje? (2)

1.16 Wena ungathi isiphi isifundo ekufundise sona le ncwadi. Bhala ungadluli emaphuzwini AMATHATHU. (3)

[35]

### *ISIQEPHU B*

### *INOVELANA*
### *UTHANDO LUNGAMANQOBA – Maphili Shange*

*2. Fundisisa iziqephu ozinikeziwe bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.*

"Uhlale ngokucophelela sisi, uyawa lowo sofa!" Usememeza emuva kwendaba esekade eyoshokele phakathi uPhindile. Uhleli nje kule ndlu uyayibuka ngijima nayo yonke ngamehlo, izindonga zakhona uyazibona nje ukuthi zineminyaka zagcina ukupendwa, ukhaphethi phansi usuyazixebukela. Kodwa kungcono kunokulala emgwaqeni.

Abuye nethiye nesinkwa esinojamu uMumsy amnike athi akadle.

"Yidla ukhululeke s'thandwa sami. Ngisayobiza la mantombazane engihlala nawo ukuze nibonane, nazane kusekuhle nje."

"Ngiyabonga sisi bandla," ebonga enconcoza uPhindile kwazise isimbulele indlala. Aphume-ke uMumsy emva kokuxuzwana abuye nawo amantombazane abekhuluma ngawo.

"Phindile, uBuyi lo onezinqe ezinkulu kanti lo okhrinayo uS'ma. Wena sebewile ukuthi uwubani."

"Ngiyajabula ukubazi," kusho uPhindile ngamahloniyana.

"UPhindile lona ngintazi esemncane kabi. Ngangibambana nomfowabo kayise owashona. Eyi yayingincanywa leya nsizwa, ukuba yishonanga nje ngabe ngisemzini wami manje, ngabe angilwayizi emgwaqeni kanje." Babheke bonke endlini uBuyi no S'ma baze bapensane bakhiphe izandla bazishayanise.

"Ngabe unjani nje sisi ukuba ushadile?" kubuza uBuyi etula izinyembezi ezikhishwa ukuhleka kakhulu.

"We, ngabe leyo ndoda ibuya emsebenzini iphekelwe yena," kusho uS'ma eluqala phansi futhi uhleko.

"Ake ningiyeke nina ngabe ngiwunkosikazi wangempela phela endodeni yami ngoba ngangiyithanda." Ashintshe ebusweni manje uMumsy habone nje nabanye ukuthi le ndaba iyavusela isizi, bashintshe ingxoxo bafake enye.

Aqhubeke nokudla uPhindile, ashaye avale epuletini. Ezwe ukuthi uyabuya amandla manje, usengabhekana nezinselelo zosuku.

"S'ma ngizocela ukhombise uPhindile lapho ezogeza khona bese umbhekela noma yini yakho angayigqoka ngoba vele umkhulu kancane kunaye ukuze abe muhle naye, nami ngibone ukuthi yinhle kabi le ngane uma isizilungisile," kusho uMumsy ehleka.

"Woza Phindile ngizokukhombisa konke ozokudinga. Khululeka nje sisi," kusho uS'ma elula isandla ebamba uPhindile ngengalo. Bangene ekamelweni okulala kulo uS'ma, amkhiphele izingubo

2.1 Kukuphi nendawo lakuthiwa khona usisi akahlale ngokucophelela? (1)

2.2 Ubani lolo sisi okukhulunywa naye lapha? (1)

2.3 Uzokwenzani kule ndawo lo sisi? (2)

2.4 Uyithole kanjani lo sisi le ndawo akuyona namhlanje? (2)

2.5 Impilo angeke uze wazi ukuthi ukuphatheleni. UPhindile wayengazi ukuthi uyoke aphile impilo enjengale asezoyiphila. Bhala uchaze ukuthi izoshintsha kanjani impilo yakhe lapha kwasisi Mumsy. Beka amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.6 Usizo lokuqala aluthola uPhindile eThekwini kwakumele enze msebenzi muni khona ukuze aphile? (2)

2.7 Waphela kanjani wona lowo msebenzi? (2)

2.8 Wayesebenzela bani uPhindile kulowo msebenzi? (1)

2.9 Watholana kanjani uPhindile nosisi Linda? Chaza okwenzeka ngokulandelana ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

[17]

"Yebo ngane yami, kuphela nje kumele uqine idolo. Kuphela nje okufanele ukwazi ukuthi ubuhlungu buzodlula ngokuhamba kwesikhathi kodwa izikhathi zentokozo ebenibe nazo nabazali bakho ziyohlala zikhona njalo engqondweni yakho."

Aqale umfundisi enze imicikilisho yenkonzo yasemathuneni, ehliswe kanye kanye amabhokisi.

"Umhlabathi emhlabathini, uthuli othulini...." Athi engakawaqedi nalawo mazwi umfundisi akhale kakhulu uPhindile, athi uyambamba uMaXaba aphunyuke ashayeke phansi aquleke. Aze aphaphame eselele ekamelweni lakhe ephethwe yikhanda eliyisimanga, azakeke nje ukuthi ulelwe yini lapha ngoba yena ugcine kusafihlwa abazali bakhe laphayana eMophela. Athi uyaliphakamisa ikhanda livele linkenenkethe libe yinqaba. Kusenjalo kungene uMaXaba lapha ekamelweni.

"Ungavami ukuvuka sisi, yithi ukulala kancane. Linjani ikhanda?"

"Ngalala ekamelweni lami manje anti, kanti ukufihlwa kwabazali bami kuphelelephi?" kubuza uPhindile eehla futhi izinyembezi.

"Uqulekile sisi ngesikhathi abazali bakho sebethuliselwa ezindlini zabo zokugcina."

"Ngiyazisa hakithi. Kazi ngizoba yini nje?"

"Ungakhali kakhulu sisi. Ngiyabuya-ke ngizokuphathela amaphilisi ekhanda nento ozoyidla."

"Ngiyabonga anti," kubonga uPhindile embuka njalo uMaXaba eze eyophuma ngomnyango.

Ngalena ekamelweni lokuphumula ingxoxo ishubile. Kuyaphikiswana kuyavumelwana abanye baze bakhulume namagama ayizwana. Isalukazi sakwaMthethwa esizala uyise kaPhindile sesikhale zaze zoma sibalisa.

"Yaze yangenza indaba yokuguga ngoba ngabe ngiyazithathela ingane kaMbongeleni izohlala nami pho-ke nami sengizozifela. Ibe ngekabani futhi ingane yomntanami ngingasekho mina? Hhayi, kangifuni ukuba iphinde idlule esimweni esinje kabili le ngane bakithi..." sisho kugobhoza izinyembezi isalukazi.

"Wena Chris uviyoza phambili uthi ufuna ukuhlala nengane kaMbongeleni nje yingoba ufuna ukuzohlala elokishini ubuye kulowaya mjondolo ohlala kuwona. Ngeke ukubone lokho. Ngeke

3.3 Ikuphi la bebehlala khona ndawonye noPhindile oMaXaba? (1)

3.4 Kwenzeka kanjani ukuthi oMaXaba baze bahlale noPhindile? Xoxa uchaze ngokuphelele ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.5 Iziphi izinkinga aqale wabhekana nazo uThulani mayelana nokuthandana kwakhe noPhindile? Bhala EZIMBILI ezisemqoka kuphela. (2)

3.6 Ezinye izinto ezenzeka ezimpilweni zethu, akulula ukuzichaza ukuthi zenzeka kanjani nokuthi zenzekelani. Wena kwakungabalula yini kuwena ukuthi uhlukane nentombi yakho engunesi bese uthandana nomahosha? Beka isizathu esizwakalayo ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.7 Phendula umbuzo olandelayo ngokubhala igama ELILODWA VO.

3.7.1 Umfowabo kababa kaPhindile wayehlala e............

3.7.2 Isoka lika Lindi ayehlala nalo igama lalo ngu...........

3.7.3 Igama lesikole okwafunda kuso uPhindile eThekwini kwakuse...(3)

3.8 Khetha igama elilungile kubakaki ubhale lona LODWA.

3.8.1 Enye yezindawo okwakudayisa kuzo uMaXaba ( iseKapa, eMshwathi,eQwaqwa)

3.8.2 Inkosikazi kamfowabo kababa kaPhindile kwaku (nguMaShandu, uMaShezi, uMaShozi)

3.8.3 Indawo ababethanda ukudla kuyo oThulani noPhindile kwaku (se-Mc Donald, McRib, Mugg and Bean). (3)

[17]

17+18 = 35

35+35 = 70

ISAMBA [70]